



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B. H. CELE  
EMCIMBINI WOKUGUBHA IMINYAKA EYISHUMI KA-ASIPHEPHE  
NGOLWESIBILI, 18 NOVEMBER 2008**

**Ngibanibingelela nonke**

- Kulo nyaka sigubha iminyaka eyishumi ka-Asiphephe – uhlelo oluyingqayizivele yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal. Lolu hlelo lwezokuphepha emgwaqeni lusekeleke ocwaningweni olwenziwa yithimba lethu lezokuphepha emgwaqeni bese luqhutshwa izinhlaka zokugcinwa komthetho nangokufundisa ngezokuphepha emgwaqeni.
- Kuzokhumbuleka phela ukuthi iKwaZulu-Natal inesivumelwano sokusebenzisana nesifunda saseVictoria e-Australia ukuze kwakhiwe uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni eNingizimu Afrika. Imigomo eminingi ka-Asiphephe isuselwa ocwaningweni nomsebenzi owenziwa ngaphansi kweVictoria Project.
- Uhlelo luka-Asiphephe luhlanganisa imikhankaso eminingi ehambisana nemithetho ebhekele ukuziphatha emgwaqeni. Luhlose ukulwa nalo mkhuba wokuthi abantu baphule umthetho kodwa bangenziwa lutho. Umyalezo wethu kubantu abaphula umthetho babaleke ucacile: “Ungabaleka kodwa ngeke ucashe”.

- Impumelelo yalolu hlelo iqiniswa kakhulu ngukuzibophezela nokusebenzisana kwayo yonke imikhakha yomphakathi. Sibabonile abemboni yamatekisi, imboni yezokungcebeleka, osomabhizinisi, izikhungo zemfundo, abezenkolo, ohulumeni basekhaya, abezindaba nezinye izakhiwo ezahlukene ziphumela obala zesekela izinhlelo zethu zezokuphepha emgwaqeni.
- Ngokwezinto ezithathelwe kwiVictoria Project kwezokugcinwa komthetho, KwaZulu-Natal sekwenziwe lokhu:
  - Ukwehliswa kwezinga lotshwala kubashayeli lisuka ku-0.08 laya ku-0.05 no-0.02 kubashayeli abathutha umphakathi nempahla.
  - Isibalo samaphoyisa senyuswe sasuka ku-350 saya ku-906 njengamanje.
  - Kwenziwe indlela yokuhlola utshwala enobufakazi kwachibiyelwa nomthetho ukuze uhambisane nalokho.
  - Kusungulwe uphiko lwabaseshi iTraffic and Transport Investigation Unit ukubhekana nokukhwabanisa nenkohlakalo ezikhungweni zamalaysensi.
  - Ama-Booze Bus asabalaliswe isifundazwe sonke.
  - Kusungulwe uhlelo lwamakhamera kwachibiyelwa nomthetho ukusekela lokho.
  - Kuvulwe ihhovisi lamakhamera elinobuchwepheshe ePinetown.
  - Kwakhiwe uhlaka lomgomo wokuziphatha kwamaphoyisa omgwaqo.
  - Kusungulwe ithimba eliyisipesheli indawo egcine isithathwe uShanela.
  - Kubuyezwe imigomo yokuqeqesha, okwenziwe i-RTMC kuzwelonke.
  - Kuqaliswe uhlelo lwamaphuzu i-AARTO okumanje lusahlolwa eTshwane.

- Ngaphandle kwezokuphepha emgwaqeni, uhlelo luka-Asiphephe luthinta izinto eziningi emkhakheni wezokuthutha. Njengoba umgomo woMnyango wezokuThutha kungukwenza abantu bakithi bahambe kalula, u-Asiphephe uthinta konke okuqinisekisa isiko lokuphepha kwezokuthutha jikelele. Phela ukuba nendlela yokuhamba akugcini ngokuthi usuyakwazi ukusuka ku-A uye ku-B.
- Siphila emphakathini lapho kungenzeka izinto eziningi ngenkathi usuka ku-A : ungaminza emfuleni lapho lingekho khona ibhuloho, ungashayiswa imoto egijimayo noma umshayeli odakiwe, ungadubuleka uma kunezimpi zamatekisi noma uphazamiswe isilwane esiwuvanzi emgwaqeni.
- Ngakho-ke umsebenzi wethu ngokubheka zonke lezi zinto ukuze kuhambeke ngokuphepha nakalula kusuka ku-A kuya ku-B. Yiko lokhu okudingwa u-Asiphephe kuthina njengomphakathi.
- Yingakho-ke kulo mcimbi wanamhlanje sethula nohlelo lokuqeda imfuyo ewuvanzi emgwaqeni, esithi i-Road Monitor Programme, kodwa okuseyisigaba sokuhlola ukuthi lungasebenza, i-pilot project. Lolu hlelo luhlose ukunqanda izingozi ezidalwa imfuyo emigwaqeni, luphinde futhi lulekelele ngamathuba emisebenzi nokulwa nobubha.
- Cishe imigwaqo engu-70% engaphansi koMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal inqamula ezindaweni zasemakhaya, lapho imiphakathi ifuye izilwane ngezizathu ezahlukene.
- Inkinga esibhekene nayo kulezi zindawo ngukwebiwa kocingo lokubiya nokusetshenziswa kwezindawo ezigudle umgwaqo njengamadlelo nokuthi imiphakathi engapha nangapha komgwaqo idinga ukunqamula imigwaqo ukuze ixhumane.

- Ngeshwa, izingozi ezibandakanya izilwane emigwaqeni zidala izindleko ezinkulu futhi ziholeda ekufeni kwazo izilwane kanye nabantu. Okunye futhi ngukuthi phela ukulahlekelwa yizilwane esisodwa, kumuntu vele ozihluphekelayo kusho ukulimala kwezomnotho nasemoyeni nje, ngakho-ke noma yini ezama ukulwa nokulimala nokufa kwezilwane nabantu kumele ishayelwe ihlombe.
- Ekwenziweni kwalolu hlelo, abaqaphi, esithi ama-Road Monitors, abayisithupha bazosebenza umgwaqo ongu-20km. Lapha kuzohluka kancane kuZibambeke ngoba abaqaphi bazosebenza emigwaqeni ematasa enetiyela, lapho abantu abahamba khona bebekeka engozini. Ngaleyo ndlela lolu hlelo luzoqoqa abantu abaningi abangasebenzi njengoba kwenza uhlelo lukaZibambeke.
- Sengiphetha, njengoba sesiqala amaholidi kaKhisimusi okuyisikhathi semicimbi eminingi nalapho izivakashi zehla zenyuka esifundazweni sethu, kujwayelekile ukuthi abashayeli bangaziphathi kahle okudala ukwenyuka kwezingozi zomgwaqo.
- Ngakho-ke sizoqhubeka nokuqinisa umthetho ngomgomo wethu ka-“100 % Compliance” okuhlenganisa nokufundisa imiphakathi ngezindlela zokuziphatha kahle emgwaqeni. Nginxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi bahloniphe imithetho yomgwaqo benze okufanele “JUST DO RIGHT”.

**Ngiyabonga**